SIBONGILE DLANGALALA

UMnu RAVI PILLAY

UNGOONGOOSHE WEZEMISEBENZI YOMPHAKATHI KWAZULU-NATAL

ABASEBENZI BACIJWE MAQONDANA NOHLELO I-EPWP

I-EPWP Beneficiary Training Directorate engaphansi koMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi Kuzwelonke isingathe umhlangano wokucija abasebenzi maqondana nohlelo i-EPWP othathe izinsuku ezinhlanu obubanjelwe emahhovisi Ezemisebenzi Yomphakathi KwaZulu-Natali, eMngungundlovu.

Lo mhlangano wokucijwa kwabasebenzi bowunxuswe uMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi KwaZulu-Natal ukuze abasebenzi ababhekelele ukuqaliswa kokusebenza nokuhlelwa kohlelo lwe-EPWP bathole uholo kulokho abasebenza ngakho. Lo mhlangano wethanyelwa abasebenzi abangama-60 abavela koMasipala kanye naseminyangweni kaHulumeni eyahlukahlukene.

Ababefundisa bakhethwe kubasebenzi abanolwazi olunzulu abasebenza eMnyangweni Wezemisebenzi yoMphakathi Kuzwelonke abebemele imikhakha emine ye-EPWP kanye nezimpiko ezintathu okusetshenziswana nazo. Laba abafundisayo banolwazi olunzulu mayelana neSigaba 3 se-EPWP futhi basanda kuqeqesha abasebenzi benhlangano yomphakathi.

Inhlosongqangi yalolu hlelo ukuthuthukisa ulwazi lwabasebenzi, amafolisi, abenza inqubomgomo ebhekele lolu hlelo i-EPWP kanjalo nosopolitiki ukuze

Abebefunda kanye nabafundisi babo ngesikhathi sebephothule ukufunda kwabo okuthathe izinsuku ezinhlanu. ***Isithombe:*** ***LIHLE BHENGU***

bonke baqonde kanzulu ngokuqhubekayo nokumele kwenziwe.

Kulo mhlangano wezinsuku ezinhlanu kuye kwadingida konke okuphathelene nohlelo kuyona yonke imikhakha yalo, esingabala nje, ingqalasizinda, inhlalo, ezemvelo ngokunjalo namasiko kanye nemisebenzi enqala ephathelene nohlelo, isb.

Ukuqapha Nokuhlola ukusebenza kohlelo, Ukuluthuthukisa kanye Nokuqeqesha. Emva kokuqeda ukufunda ababefunda babe sebebhala isivivinyo base benikezwa izitifiketi zokuba yingxenye yoqeqesho. Kuye kwahlokoma indlu yonke ngenxa yenjabulo ngenkathi sekwenziwa umcimbi wokunikezelwa kwezitifiketi obuphethwe ngesinono nguNingi Mbanjwa, oyisekela likaMqondisi. Kwezokuhlelwa kwe-EPWP Esifundazweni kanye neKhansela u-Martin Mtshali; oyimeya kaMasipala Abaqulusi.

UNk. Mbanjwa uncome futhi wababonga bonke abebeyingxenye yoqeqesho, wathembisa ukuthi uMnyango usazoqhubeka nalezi zinhlelo zokuthuthukiswa kwabasebenzi.

"Singabasebenzi kumele sibe nolwazi olunzulu futhi sibe "amasosha" e-EPWP anokuzethemba lapho ekhuluma ngokuphathelene nalolu hlelo ngisho uma sisemihlanganweni yabaphathi, esho ethasisela enkulumweni yakhe uNk. Mbanjwa.

Njengalokhu i-EPWP kuwuhlelo olukhulukazi lukahulumeni, luyaqhubeka nokufaka isandla kuNqubomgomo Yokubekwe Eqhulwini Kahulumeni ngokwemisebenzi ehloniphekile, ukuphila kahle, ezemfundo, ezempilo, ukuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya. ukuqinisekiswa kokubakhona kokudla kanye nokubuyekezwa kwezomhlaba kanjalo nokulwa nobugebengu nenkohlakalo.